| | | | |
| **Inani lamasheya akhishiwe** | | | |
| Ingxenye yemali yokwenza umsebenzi evela ekukhishweni | 2 468 336 | - | 2 468 336 |
| Okugodliwe | 2 536 206 | (710 609) | 1 825 597 |
| Inzuzo enqwabelene | 345 412 | - | 345 412 |
| | **5 349 954** | **(710 609)** | **4 639 345** |

**12. Ukuqinisekiswa (kuyaqhutshwa)**

| 31 Disemba 2017 | Okwabikwa ngaphambilini R'000 | Ukuqinisekiswa R'000 | Ibhalansi evuselelwe R'000 |
|---|---|---|---|
| **Izikweletu** | | | |
| **Izikweletu okungeyizo ezamanje** | **2 482 717** | **(169 007)** | **2 313 710** |
| Okubolekiwe | 1 750 617 | - | 1 750 617 |
| Into yokusebenza yemali elethiwe | - | 36 117 | 36 117 |
| Intela ehlehlisiwe | 732 100 | (205 124) | 526 976 |
| **Izikweletu zamanje** | **41 164** | **-** | **41 164** |
| **Izikweletu sezizonke** | **2 523 881** | **(169 007)** | **2 354 874** |
| **Inani lamasheya akhishiwe selilonke kanye nezikweletu** | **7 873 835** | **(879 616)** | **6 994 219** |

| 31 Disemba 2016 | Ebikiwe ngaphambilini R'000 | Ukuqinisekiswa R'000 | Ibhalansi evuselelwe R'000 |
|---|---|---|---|
| **Umthelela esitatimendeni senzuzo noma sokulahlekelwa** | | | |
| Ukulahlekelwa kokusebenza | (16 241) | - | (16 241) |
| Imali engenayo yezimali | 6 889 | - | 6 889 |
| Izindleko zemali ezenzeke ezikweletwini zemali ezikalwe njengezindleko ezikhokhwe kancane | (16 424) | - | (16 424) |
| Ukulahlekelwa esikalini sempahla semali elethiwe | 887 535 | (701 936) | 185 599 |
| **Inzuzo ngaphambi kokukhokhiswa intela** | **861 759** | **(701 936)** | **159 823** |
| Izindleko zentela yemali engenayo | (200 737) | 157 234 | (43 503) |
| **Inzuzo yonyaka** | **661 022** | **(544 702)** | **116 320** |
| | | | |
| **Umthelela esitatimendeni sesimo sezimali** | | | |
| **Izimpahla okungeyizo ezamanje** | **7 336 618** | **(701 936)** | **6 634 682** |
| Ukutshala imali empahleni ethengiswayo | 6 449 080 | - | 6 449 080 |
| Izimpahla zezimali ezilethiwe | 887 538 | (701 936) | 185 602 |
| **Izimpahla zamanje** | **36 244** | **-** | **36 244** |
| **Izimpahla sezizonke** | **7 372 862** | **(701 936)** | **6 670 926** |

**12. Ukuqinisekiswa (kuyaqhutshwa)**

| **31 Disemba 2016** | **Ebikiwe ngaphambilini R'000** | **Ukuqinisekiswa R'000** | **Ibhalansi evuselelwe R'000** |
|---|---|---|---|
| **Inani lamasheya akhishiwe** | | | |
| Ingxenye yemali yokwenza umsebenzi evela ekukhishweni | 2 468 336 | - | 2 468 336 |
| Okugodliwe | 2 128 651 | (544 702) | 1 583 949 |
| Inzuzo enqwabelanayo | (27 705) | - | (27 705) |
| | **4 569 282** | **(544 702)** | **4 024 580** |
| **Izikweletu** | | | |
| **Izikweletu okungeyizo ezamanje** | **2 762 158** | **(157 234)** | **2 604 924** |
| Okubolekiwe | 2 147 702 | - | 2 147 702 |
| Intela ehlehlisiwe | 614 456 | (157 234) | 457 222 |
| **Izikweletu zamanje** | **41 422** | **-** | **41 422** |
| **Izikweletu sezizonke** | **2 803 580** | **(157 234)** | **2 646 346** |
| **Inani lamasheya akhishiwe selilonke kanye nezikweletu** | **7 372 862** | **(701 936)** | **6 670 926** |

**13. Ukucwaningwa kwamabhuku okuzimele**

Le miphumela yezimali efingqiwe eshiwo ekhasini 7 ukuya ku-19 icwaningwe abacwaningi bamabhuku beNkampani abazimele, iSizweNtsalubaGobodo Grant Thornton Incl., abenza ucwaningo lwabo lwamabhuku ngokuhambisana naMazinga Omhlaba Okucwaninga Amabhuku. Ikhophi ephelele yombiko wokucwaningwa kwamabhuku ongaguquliwe ikhona ukuze ihlolwe ehhovisi leNkampani elibhalisiwe. Izitatimende zezimali ezifingqiwe zitholiwe kuzitatimende zezimali zeNkampani futhi zihambisana nazo zonke izinto.

**14. Ukuba khona kwesethi ephelele yezitatimende zezimali ezicwaningiwe**

Isethi ephelele yezitatimende zezimali ezicwaningiwe:

- kungafinyeleleka kuyo kule webhusayithi elandelayo: www.mtnzakhelefuthi.co.za; noma
- izothunyelwa kuwe ngeposi elijwayelekile uma ulicela e-Nedbank Limited, usebenzisa ingxenye yayo yoKuphatha Isikimu Samasheya, imininingwane yalo ivela ngaphansi kwesigaba sokuphatha umsebenzi kukhava engemuva ngaphakathi.

# *Isaziso somhlangano ojwayelekile wonyaka*

sonyaka ophele ngomhla ka-31 Disemba 2017

MTN Zakhele Futhi (RF) Limited
Ifakwe kuRiphabhliki YaseNingizimu
Afrika (Inombolo yokubhalisa
2016/268837/06)
("**MTN Zakhele Futhi**" noma "iNkampani"**)**

Lo mbhalo uyatholakala ngesiZulu nangesiSuthu esigabeni solwazi lwezimali sewebhusayithi yeNkampani
**– www.mtnzakhelefuthi.co.za.**

**Lo mbhalo ubalulekile kanti udinga ukuthi usheshe uwubhekisise**

Uma unanoma yikuphi ukungabaza ngokuthi yisiphi isinyathelo okufanele usithathe, bonisana nomeluleki wakho wezomthetho, usomabhange, umeluleki wezezimali, umcwaningi wamabhuku ezimali noma omunye umeluleki oqeqeshiwe ngokushesha.

Kulo mbhalo kufakwe:

- Isaziso somhlangano ojwayelekile wonyaka (**"AGM"),** kubekwa izinqumo okufanele ziphakanyiswe emhlanganweni, ndawonye namanothi okuchaza. Kukhona futhi namanothi okuqondisa uma ufuna ukuza emhlanganweni (ngenhloso yawo kufakwe imephu yendawo yomhlangano) noma ukuvota ngommeleli.
- Ifomu lommeleli okufanele lisetshenziswe ngabanikazi bamasheya.

Umnikazi wamasheya unelungelo lokuya nokuvota emhlanganweni angaqoka omunye noma abanye abantu njengabameleli baye, bahlanganyele futhi bavote endaweni yakhe. Ummeleli akufanele kube umnikazi wamasheya weNkampani kodwa kufanele kube wumuntu ngamunye. Ukuqokwa kommeleli angeke kumvimbele umnikazi wamasheya oqoke ummeleli evela ku-AGM futhi ehlanganyela futhi evota siqu ekukhishweni kwanoma yimuphi ummeleli onjalo. **Ifomu lommeleli lokusetshenziswa emhlanganweni lifakiwe futhi kufanele lethulwe emhlanganweni kubo bonke abantu abeza njengabameleli.**

Abanikazi bamasheya bangasebenzisa futhi usizo lommeleli lwe-inthanethi ukugcwalisa amafomu abo ommeleli. Ummeleli we-inthanethi kumahhala futhi kuyatholakala ku-inthanethi. Ukusebenzisa ummeleli we-inthanethi, abanikazi bamasheya kudingeka ukuthi bayibhalisele isevisi, ngokusebenzisa iwebhusayithi ku-https://www.votingplatform.corporateactions.co.za/mtnzakhelefuthi/login. Uhlelo lokungena luzosebenzisa inombolo yakho ye-ID yaseNingizimu Afrika kanye nePIN Esetshenziswa Kanye ozoyithunyelwa ngeselula kanye nekheli le-imeyili elikhona erekhodini. Abanikazi bamasheya bazokwazi futhi ukubheka futhi bakhiphe incwadi yomsebenzisi echaza ukuthi uhlelo lommeleli lwe-inthanethi lusebenza kanjani kuwebhusayithi yeNkampani. Iplatifomu yommeleli we-inthanethi izoba khona kusukela ngo-09:00 ngomhla ka-16 Ephreli 2019.

**Isaziso kubanikazi bamasheya: umhlangano ojwayelekile wonyaka**

Lapha kunikwa isaziso kubanikazi bamasheya kusukela ngosuku lwerekhodi lomhla ka-5 Ephreli 2019 nokuthi i-AGM yabanikazi bamasheya be-MTN Zakhele Futhi izobanjwa e-Gallagher Convention Centre, 19 Richards Drive, Midrand, Johannesburg, 1685 ngoLwesihlanu, 17 Meyi 2019 ngo-11:30 (isikhathi saseNingizimu Afrika), (i) ukubheka kanye, uma kubonakala kulungile ukudlula, ngoguquko noma ngale koguquko, izinqumo ezilandelayo ezijwayelekile neziyisipesheli, ngendlela edingwa Umthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, futhi
(ii) ubhekane nelinye ibhizinisi elinjalo njengoba kungabhekwana nakho ngokusemthethweni emhlanganweni, umhlangano lowo okufanele kuhlanganyelwe kuwo futhi kuvotwe ngabanikazi bamasheya njengokosuku lwerekhodi lomhla ka-3 Meyi 2019 ngokwesigaba 62(3)(a), kufundwa nesigaba 59 soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba kuchitshiyelwe.

*Okubalulekile: Isigaba 63(1) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe - Ukukhonjwa kwabahlanganyeli bomhlangano*

***Sicela wazi ukuthi abahlanganyeli bomhlangano (kubandakanya abameleli, ababheki kanye nabameleli beqembu) kudingeka ukuthi bahlinzeke ngokukahle ukukhomba okwanelisayo ngaphambi kokuthi babe nelungelo lokuya noma lokuhlanganyela emhlanganweni wabanikazi. Amafomu okukhomba abandakanya imibhalo/amakhadi omazisi okuyiqiniso, amalayisense abashayeli kanye namapasiphothi.***

*Uma ufunda izinqumo ezingezansi, sicela ubheke amanothi okuchaza izinqumo ze-AGM ekhasini 27.*

# *Isaziso somhlangano ojwayelekile wonyaka* *kuyaqhutshwa*

*Sonyaka ophele ngomhla ka-31 Disemba 2018*

**1.** Ukwethulwa kwezitatimende zezimali zonyaka

Izitatimende zezimali zonyaka ezicwaningiwe zeNkampani (njengoba kugunyazwe ibhodi yabaqondisi beNkampani), kubandakanya umbiko wabaqondisi, ukucwaningwa kwamabhuku, ingozi kanye nombiko wekomiti lokuhambisana kanye nombiko wabacwaningi mabhuku bangaphandle wonyaka ophele ngomhla ka-31 Disemba 2018, uhanjiswe njengoba kudingeka futhi yethulwa kubanikazi bamasheya kule AGM.

Izitatimende zemali zonyaka eziphelele zibekwe emakhasini 17 ukuya ku-52 zombiko wonyaka.

**2.** Izinqumo

**IZINQUMO EZIJWAYELEKILE**

**2.1 Isinqumo esijwayelekile nombolo 1**

*Ukukhethwa futhi kuka-Grant Gelink njengomqondisi*

"Kunqunywe ukuthi u-Grant, Gelink, othatha umhlalaphansi ngokushintshaniswa nofanelekile nokhona ukuthi aphinde akhethwe, ukhethwe futhi njengoMqondisi weNkampani.”

Ungumqondisi oyisikhulu esiphezulu ezingaphethe kanti usebenza njengosihlalo wekomiti lokucwaninga amabhuku leNkampani.
Iphesenti lamalungelo okuvota adingekela isinqumo esijwayelekile nombolo 1 okufanele samukelwe kufanele kube ngaphezu kuka-50% wamalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo esijwayelekile nombolo 1.

**2.2 Isinqumo esijwayelekile nombolo 2**

*Ukhetho lwekomiti lokucwaninga amabhuku - Ukukhethwa kuka-Sindisiwe Mabaso-Koyana*

"Kwanqunywa ukuthi uSindisiwe Mabaso-Koyana akhethwe njengelungu lekomiti lokucwaninga amabhuku, kusukela ekupheleni kwalo mhlangano ngokwesigaba 94(2) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, kuze kube sekuphethweni kwe-AGM elandelayo."

Iphesenti lamalungelo okuvota adingekela isinqumo esijwayelekile nombolo 2 okufanele samukelwe kufanele kube ngaphezu kuka-50% wamalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo esijwayelekile nombolo 2.

**2.3 Isinqumo esijwayelekile nombolo 3**

Ukhetho lwekomiti lokucwaninga amabhuku - Ukhetho luka-Sonja De Bruyn.

"Kwanqunywa ukuthi u-Sonja De Bruyn akhethwe njengelungu lekomiti lokucwaninga amabhuku, kusukela ekupheleni kwalo mhlangano ngokwesigaba 94(2) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, kuze kube sekuphethweni kwe-AGM elandelayo."

Iphesenti lamalungelo okuvota adingekela isinqumo esijwayelekile nombolo 3 okufanele samukelwe kufanele kube ngaphezu kuka-50% wamalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo esijwayelekile nombolo 3.

**2.4 Isinqumo esijwayelekile nombolo 4**

*Ukhetho lwekomiti lokucwaninga amabhuku - Ukhetho luka-Grant Gelink*

"Kwanqunywa ukuthi ngenxa yokuphasiswa kwesinqumo esijwayelekile nombolo 1, u-Grant Gelink akhethwe njengelungu lekomiti lokucwaninga amabhuku, kusukela ekupheleni kwalo mhlangano ngokwesigaba 94(2) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, kuze kube sekuphethweni kwe-AGM elandelayo."

Iphesenti lamalungelo okuvota adingekela isinqumo esijwayelekile nombolo 4 okufanele samukelwe kufanele kube ngaphezu kuka-50% wamalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo esijwayelekile nombolo 4.

### 2.5 Isinqumo esijwayelekile nombolo 5

*Ukuphinda futhi kuqokwe abacwaningi bamabhuku abazimele*

"Kwanqunywa ukuthi uSizweNtsalubaGobodo Grant Thornton Inc. aphinde aqokwe njengomcwaningi mabhuku weNkampani (wokuphela konyaka ophela ngomhla ka-31 Disemba 2018) kuze kuphethwe i-AGM elandelayo."

Iphesenti lamalungelo okuvota adingekela isinqumo esijwayelekile nombolo 5 okufanele samukelwe kufanele kube ngaphezu kuka-50% wamalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo esijwayelekile nombolo 5.

### 2.6 Isinqumo esijwayelekile nombolo 6

*Izichibiyelo eziphakanyisiwe kuSivumelwano Sobudlelwano*

“Kwanqunywa ukuthi, ngenxa yokushywa kwesinqumo esikhethekiloe nombolo 2, izichibiyelo eziphakanyiswayo kusivumelwano ezinesihloko ezithi "**Isivumelwano Sobudlelwano**" kwaphethwa phakathi kweNkampani no-MTN mhla ka-6 Agasti 2016 nokuthi bangena ngaphansi kwamuphi umnikazi wamasheya ojwayelekile weNkampani, njenoba kukhonjiwe (ngokwezinhloso zokukhomba kuphela) esakhiweni sombhalo olandelelwe esihumushweni esiwuhlaka seSivumelwano Sobudlelwano esivele sikhona, okuwuhlaka olugunyazwe yisinqumo sebhodi yeNkampani futhi usihlalo webhodi wafaka amanisheli ache ngezinhloso zokukhomba, kanti lapho bugunyaziwe, lesi sinqumo siqala ukusebenza ngokuhambisana nezinto ezihlinzekwa Umthetho Wezinkampani, 71 ka- 2008, njengoba uchitshiyelwe, kodwa hhayi ngokushesha kunesiphetho somhlangano lapho lesi sinqumo saphasiswa khona futhi sahlinzeka ukuthi, kangangoba kudingwa wu-MTN Group Limited (“**MTN**”), izichibiyelo ze-MOI eziqukethwe kulesi sinqumo (noma nanoma iyiphi ingxenye yalezo zichibiyelo, njengoba kungaba njalo) zivunywe ngabanikazi bamasheya be-MTN emhlanganweni ojwayelekile, lapho lesi sinqumo singeke sisebenze khona ngempumelelo size sivunywe kanjalo.”

Izimpawu ezibalulekile zeSivumelwano Sobudlelwano esichitshiyelwe zishiwo kulamanothi achazayo kulesi saziso se-AGM esiqala ekhasini lama-27 kanti esiphelele, Isivumelwano Sobudlelwano esichitshuyelwe esikhombisa izichibiyelo ezenziwe kulandela kulesi sinqumo esijwayelekile nombolo 6 (kubandakanya isihumusho, sokwenza lula ukubona, esikhomba izichibiyelo ezilandelelwe kuSivumelwano Sobudlelwano esikhona) sikhona kuwebhusayithi yeNkampani ku-https://www.mtnzakhelefuthi.co.za/ futhi sinesihloko esithi "Isivumelwano Sobudlelwano – Izichibiyelo zika-2019". Lesi sihumusho seSivumelwano Sobudlelwano siyatholakala futhi emahhovisi onobhalo bokudlulisela beNkampani kanye naku-ejenti yezokuxhumana yabanikazi bamasheya, okuyi-Nedbank Limited, esebenza ngeyunithi yayo yoKuphathwa Kwesikimu Samasheya, ku-135 Rivonia Road, Sandown, Johannesburg, 2193 (okungaxhunyanwa nayo ku- +27 83 900 6863).

Ngokwesigatshana 18.1.2 seSivumelwano Sobudlelwano, amathemu eSivumelwano Sobudlelwano angachitshiyelwa yiNkampani no-MTN besayina umbhalo ofaka nanoma yisiphi isichibiyelo esivunywe yisinqumo esiphasiswe emhlanganweni oseceleni wabanikazi bamasheya ajwayelekile eNkampani lapho abanikazi bamasheya ajwayelekile eNkampani bekhona noma bemelelwe emhlanganweni futhi bengasebenzisi amavoti angengaphansi kwama-65% asebenzisekayo maqondana namasheya ajwayelekile eNkampani kulowo mhlangano, avotelwe ngokuhambisana naleso sinqumo, lezo zichibiyelo , kuncike ekusayineni kweNkampani no-MTN umbhalo oshiwo ngenhla, kubopha khona bonke Abanikazi bamasheya i-MTN Zakhele Futhi kusukeala ngoshiwo olushiwo esinqumeni esichintshiyelwe.

Ngokufanele, iphesenti lamalungelo okuvota elidingekayo kusinqumo esijwayelekile nombolo 6 okufanele lamukelwe ama-65% amalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo ngabanikazi bamasheya ajwayelekile eNkampani. Ukwengeza kokungenhla, imvume yenkontileka yabo bobabili i-ejenti yabanikazi bamasheya akhethwayo eNkampani kanye ne-MTN kuzodingakela izinhloso zalezi zichibiyelo kuSivumelwano Sobudlelwano.

**IZINQUMO EZIYISIPESHELI**

### 2.7 Isinqumo esiyisipesheli nombolo 1

*Iholo eliphakanyisiwe elikhokhelwa abaqondisi abayizikhulu ezingaphethe*

"Kwanqunywa ukuthi (i) ngokoMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe kanye nesigatshana 26 sememorandamu yokuhlanganyela kweNkampani kanye nokuncika emibandeleni-ke, ukuthi umholo wabaqondisi, kusukela ngosuku lokuphasa kwesinqumo, ushiwo ngezansi:

**MTN Zakhele Futhi (RF) Limited ibhodi**

| | Imali yokubagcina yonyaka (ZAR) | | Imali yokuba khona (ZAR) (umhlangano ngamunye) |
|---|---|---|---|
| | **Imali yekwata ephakanyisiwe** | **Isamba sangonyaka** | **Ophakanyisiwe imali yokuba khona (umhlangano ngamunye)** |
| Usihlalo | 29 064 | 116 256 | 45 777 |
| Ilungu | 12 708 | 50 833 | 25 414 |

**Kucatshangwa ukuthi ibhodi izohlangana ngekwata.*

**Ikomiti lokucwaninga amabhuku le-MTN Zakhele Futhi (RF)**

| | Imali yokubagcina yonyaka (ZAR) | | Imali yokuba khona (ZAR) (umhlangano ngamunye) |
|---|---|---|---|
| | **Imali yekwata ephakanyisiwe** | **Isamba sangonyaka** | **Ophakanyisiwe imali yokuba khona (umhlangano ngamunye)** |
| Usihlalo | N/A | N/A | 20 026 |
| Ilungu | N/A | N/A | 13 839 |

**Kucatshangwa ukuthi ikomiti lokucwaninga amabhuku lizohlangana okungenani kabili ngonyaka ukuqondanisa nemiphumela yesikhashana kanye neyokuphela konyaka, kunokuba kukhokhwe izimali zokuza emhlanganweni kuphela.*

**I-MTN Zakhele Futhi (RF) Limited – Umsebenzi Oyisepesheli/Amaphrojekthi ngelanga/Umsebenzi wenhloso ethize**

| Izinga langosuku/langehora (ZAR) ngaphandle uma kushiwo | Kuphakanyisiwe |
|---|---|
| Umsebenzi oyisipesheli noma iphrojekthi ngosuku | 11 080 |
| Umsebenzi owenziwa uma uvela amaphrojekthi ayisipesheli ngosuku kubandakanya imihlangano yethelekhomu (izinga lehora) | 1 385 |

(i) Ngokuhambisana nesigaba 26.2 sememorandamu yokuhlanganyela kweNkampani, abaqondisi bangakhokhelwa zonke izindleko ezikahle ekuhambeni (kubandakanya amahhotela) ukuya nokubuya emihlanganweni yabaqondisi kanye nabanikazi bamasheya, kanye namalungu amakomoti ebhodi kufanele abe nelungelo kuzo zonke izindleko ezikahle zokuhamba (kubandakanya amahhotela) ukuya nokubuya emihlanganweni yamalungu amakomiti ebhodi."

Isiphakamiso esishiwo kusinqumo esiyisipesheli nombolo 1, sihambisana neholo elikhokhelwa abaqondisi abayizikhulu ezingaphethe kanye nabasebenza emahhovisi abayizikhulu ezingaphethe bezinye izinkampani zaseNingizimu Afrika futhi lokhu kumelela ukukhula kuka-5.0% ezimalini zangonyaka odlule. Ibhodi yeNkampani isigunyazile isiphakamiso.

Umholo obukeziwe ophakanyisiwe uthathwa ngokuthi unobulungiswa futhi ukahle futhi usiza iNkampani.

Iphesenti lamalungelo okuvota elidingekayo kusinqumo esiyisipesheli nombolo 1 okufanele samukelwe kufanele okungenani kube ngu-75% wamalungelo okuvota asetshenziswa kusinqumo esiyisipesheli nombolo 1.

### 2.8 Isinqumo esiyisipesheli nombolo 2

*Izichibiyelo eziphakanyisiwe kumemorandamu yokuhlanganyela yeNkampani*

"Kwanqunywa ukuthi, ngenxa yokuphasiswa kwesinqumo esijwayelekile nombolo 6, imemorandamu yokuhlanganyela evele isikhona yeNkampani ("memorandum of incorporation-**MOI**") lapha ichitshiyelwe bese esikhundleni sayo kufakwa i-MOI entsha yonke ("**New MOI**"), njengesihumusho esichitshiyelwe se-MOI esivele ikhona eyagunyazwa yisinqumo sebhodi yeNkampani futhi usihlalo webhodi afake amanisheli ngezinhloso zokukhomba, nezikhombisa (ngezinhloso zokukhomba kuphela) izichibiyelo ezisebenzayo ku-MOI esivele ikhona ngesakhiwo esilandelelwe, ngalesi sinqumo siqala ukusebenza ngokuhambisana nezinto ezihlinzekwa wuMthetho Wezinkampani kodwa hhayi ngokushesha kunesiphetho somhlangano lapho lesi sinqumo saphasiswa khona futhi sahlinzeka ukuthi, kangangoba kudingwa wu-MTN, izichibiyelo kule MOI eziqukethwe kulesi sinqumo (noma nanoma iyiphi ingxenye yezichibiyelo ezinjalo, njengoba kungaba njalo) bekufanele kuvunywe ngabanikazi bamasheya be-MTN emhlanganweni ojwayelekile, lapho lesi sinqumo singeke sisebenze khona size sivunywe khona."

Izimpawu ezibalulekile zeSivumelwano Sobudlelwano esichitshiyelwe zishiwo kulamanothi achazayo kulesi saziso se-AGM esiqala ekhasini lama-25 kanti esiphelele, Isivumelwano Sobudlelwano esichitshiyelwe esikhombisa izichibiyelo ezenziwe kulandela kulesi sinqumo esijwayelekile nombolo 2 (kubandakanya isihumusho, sokwenza lula ukubona, esikhomba izichibiyelo ezilandelelwe kuSivumelwano Sobudlelwano esiikhona) sikhona kuwebhusayithi yeNkampani ku-https://www.mtnzakhelefuthi.co.za/ futhi sinesihloko esithi "Isivumelwano Sobudlelwano – Izichibiyelo zika-2019". Lesi sihumusho seSivumelwano Sobudlelwano siyatholakala futhi emahhovisi onobhala bokudlulisela beNkampani kanye naku-ejenti yezokuxhumana yabanikazi bamasheya, okuyi-Nedbank Limited, esebenza ngeyunithi yayo yoKuphathwa Kwesikimu Samasheya, ku-135 Rivonia Road, Sandown, Johannesburg, 2193 (okungaxhunyanwa nayo ku- +27 83 900 6863).

Iphesenti lamalungelo okuvota elidingekayo esinqumeni esiyisipesheli nombolo 2 okufanele lamukelwe kufanele (i) isinqumo esiyisipesheli ngaphansi koMthetho Wezinkampani 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, u-75% wamalungelo okuvota asetshenziswa esinqumeni esiyisipesheli nombolo 2 yibo bonke abanikazi bamasheya eNkampanini (onke amakilasi avotayo), futhi ukwengeza (ii) okungenani ama-65% wamalungelo okuvota asetshenziswa esinqumeni esiyisipesheli nombolo 2 ngabanikazi bamasheya ajwayelekile eNkampanini. Ukwengeza ngenhla, imvume yenkontilaki yabo bobabili i-ejenti yabanikazi bamasheya akhethwayo eNkampani kanye no-MTN kuzodingeka ngezinhloso zalezi zichibiyelo ze-MOI.

### 2.9 Isinqumo esiyisipesheli nombolo 3

*Ukuvunywa kosizo lwezimali oluhlinzekwa yiNkampani*

"Kwanqunywa ukuthi, kangangoba kudingwa yisigaba 44 soMthetho Wezinkampani 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, ibhodi yeNkampani, kuncike ekuhambisaneni nezidingo zoMthetho Wezinkampani 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe kanye ne-MOI, njengoba uchitshiyelwe, ungagunyaza iNkampani ukuthi ihlinzeke usizo lwezimali oluqondile nola olungaqondile ngendlela yemalimboleko, isiqinisekiso, ukuhlinzeka ukuvikeleka, noma ngenye indlela kunoma yimuphi umuntu (kubandakanya ngaphandle komkhawulo kunkampani noma enhlanganweni ehlobene noma engaphandle, noma elungwini lenhlanganao ehlobene noma engaphandle, noma kumuntu ohlobene nanoma iyiphi inkampani noma inhlangano enjalo, noma ku-JSE kanye/noma nanoma yimuphi omunye umuntu ohlanganyela ekufakweni kwamasheya eNkampani ajwayelekile ku-JSE Limited ("**JSE**")) ngenhloso yokuxhumana nokutholakala kwamasheya ajwayelekile eNkampanini kulandela ukuxhumana nokufakwa kwamasheya ajwayelekile eNkampani ku-JSE ("**JSE Listing**"), leso siphathimandla ukuthi sibekezele isikhathi esiyiminyaka emibili kusukela ngosuku lwesinqumo".

**2.9 Isinqumo esiyisipesheli nombolo 3 (kuyaqhutshwa)**

*Ukuvunywa kosizo lwezimali oluhlinzekwa yiNkampani*

Isinqumo esiyisipesheli nombolo 3 sigunyaza ibjodi yeNkampani ukuthi inike ukuxolela kanye/noma olunye usizo lwezimali kunanoma yimuphi umuntu, kubandakanya kodwa kungenamkhawulo ku-JSE, abahlanganyeli bezimakethe ezifanele (kubandakanya amalungu e-JSE, abanikazi bamasheya ababhalisile bamasheya ajwayelekile eNkampanini, abahlanganyeli abadiphoze izimali zabo ekuvikelekeni okubalulekile kanye/noma abakhulumeli abafanele) kanye nabahlinzeki bemisebenzi abangabanye abantu, maqondana noKufakwa ku-JSE, kanjalo nokuqhuba umsebenzi noma ukuxhasa ngemali izindleko maqondana noKufakwa ku-JSE, okungaholela ekutheni iNkampani ihlinzeke usizo lwezimali oluqondile noma olungaqondile ngokusho kwesigaba 44 soMthetho Wezinkampani , 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, maqondana nokutholakala kwamasheya ajwayelekile eNkampanini kulandela Ukufakwa ku-JSE. Isinqumo esingenhla sigunyaza ibhodi yeNkampani ukuthi inike lolo lusizo lwezimali olungaba khona, kuncike ekuhambisaneni nezidingo ze-MOI kanye noMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, nanokuncika futhi kwenye imvume yenkontileka edingekayo kubo bobabili i-ejenti yabanikazi bamasheya bamasheya akhethwayo eNkampani kanye ne-MTN.

Iphesenti lamalungelo okuvota elidingekayo kusinqumo esiyisipesheli nombolo 3 okufanele lamukelwe kufanele kube (i) njengesinqumo esiyisipesheli ngaphansi koMthetho Wezinkampani 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, u-75% wamalungelo okuvota osetshenziswa esinqumeni esiyisipesheli nombolo 3 yibo bonke abanikazi bamasheya eNkampanini (onke amakilasi avotayo), futhi ukwengeza (ii) okungenani ama-65% amalungelo okuvota asetshenzisiwe kusinqumo esiyisipesheli nombolo 3 yibo bonke abanikazi bamasheya eNkampanini.

**Isikhathi sokusebenza kwezinqumo**

Ngaphandle uma kushiwo ngenye indlela, zonke izinqumo zizosetshenziswa ngokushesha uma sezigunyaziwe ngabanikazi bamasheya abaningi okudingekayo ukuthi bazisebenzise. Kodwa-ke, maqondana nesinqumo esijwayelekile nombolo 6 kanye nesinqumo esiyisipesheli nombolo 2, lezo zinqumo, kangangoba kudingwa yi-MTN, zizosebenza uma sezigunyazwe ngabanikazi bamasheya e-MTN.

**Izinqubo zokuvota**

Zonke izinqumo ezishiwo kulesi saziso kudingeka ukuthi zivotelwe ngokhetho futhi angeke kunqunywe ngokukhombisa izandla.

Inkampani inenombolo enkulu yabanikazi bamasheya futhi kungenzeka ukuthi bnke beze emhlanganweni oshiwo kulesi saziso. Ukubona lokhu, nangokuthi ekuvoteleni izinqumo ku-AGM yeNkampani kuthathwa njengokubalulekile kakhulu, ukuvotela zonke izinqumo okhethweni kucabanga ngezifiso zalabo banikazi bamasheya abangakwazi ukuza emhlanganweni siqu, kodwa abagcwalise ifomu lommeleli, kubandakanya nanoma yimuphi ummeleli ogcwalise ngokusebenzisa iplatifomu yommeleli nge-inthanethi. Ukuvota endaweni yokuvota nakho kubhekela inombolo yamasheya aphethwe umnikazi wamasheya ngamunye, ibhodi likholwa wukuthi yinqubo yokubusa kwentando yeningi kakhulu. Ngokufanele, zonke izinqumo ezishiwo kulesi saziso kuzophakanyiswa ukuthi kuvotwe endaweni yokuvota.

Ukuvota ku-AGM kuzokwenziwa nge-elekthronikhi. Into yokuvota ye-elekthronikhi izohanjiswa ngaphambi kokuqala umhlangano kuwo bonke abanikazi bamasheya abeza siqu nabafanele ukuvota. Onobhala bazokhomba ubunikazi bamasheya bomnikazi wamasheya ngamunye ukuze inombolo yamavoti umnikazi wamasheya ngamunye anawo emhlanganweni izoxhunywa enombolweni yamavoti umnikazi wamasheya ngamunye uzokwazi ukusebenzisa isisetshenziswa se-elekthronikhi. Abanikazi bamasheya abaqede futhi babuyisa amafomu ngeplatifomu yommeleli we-inthanethi angeke kudingeke ukuthi bavote besebenzisa isisetshenziswa emhlanganweni ngaphandle uma befuna ukushintsha ivoti labo.

**Abameleli**

Umnikazi wamasheya onelungelo lokuya futhi avote emhlanganweni unelungelo lokuqoka ummeleli ukuthi aye, ahlanganyele futhi avote emhlanganweni endaweni yakhe. Ummeleli udinga naye ukuthi abe ngumnikazi wamasheya eNkampani kodwa kufanele kube ngumuntu ngamunye.

Ifomu lokumelela, lapho okushiwo khona imiyalelo efanele yokugcwaliswa kwalo, lifakiwe ukuze lisetshenziswe ngabanikazi bamasheya abafisa ukuqoka ummeleli. Into egcwaliswe ngendlela efanele yokuqoka ummeleli kanye negunya, uma kukhona, okufanele ifakwe ngabanikazi bamasheya ngonobhala bokudlulisela beNkampani ekhelini, inombolo yefeksi noma ikheli le-imeyili elinikwe ngezansi noma nini ngaphambi komhlangano kanti abanikazi bamasheya kucelwa ukuthi bafake yonke imibhalo enjalo engakedluli u-08:00 (isikhathi saseNingizimu Afrika) ngomhla ka-17 Meyi 2019.

# *Isaziso somhlangano ojwayelekile wonyaka* *kuyaqhutshwa*

*sonyaka ophele ngomhla ka-31 Disemba 2018*

**Ukuhlanganyela nge-elekthronikhi**

Abanikazi bamasheya bangahlanganyela (kodwa bangavoti) nge-elekhtronikhi ku-AGM, ngokuhambisana nokuhlinzeka koMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe. Abanikazi bamasheya abafisa ukuhlanganyela ngokwe-elekthronikhi ku-AGM kudingeka ukuthi balethe isaziso esibhaliwe eNkampanini emahhovisi onobhala bokudlulisela beNkampani kanye ne-ejenti yokuxhumana yabanikazi bamasheya, okuyi-Nedbank Limited, benza ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi yoKuphatha Isikimu Samasheya, ku-135 Rivonia Road, Sandown, Johannesburg, 2193 (kumakelwe ukuthi kubonwe ngu-Rosalind Friedericksen) engakedluli u-09:00 ngoMsombuluko, mhla ka-6 Meyi 2019 ukuthi bafisa ukuhlanganyela ngokuxhumana kwe-elekthronikhi ku-AGM ("**isaziso se-elekthronikhi"**). Izindawo zokusiza ngomhlangano ngethelefoni kuzoba khona ngale nhloso, futhi kungafinyelelwa ngezindleko zabanikazi bamasheya. Ukuze isaziso se-elekhtronikhi sibe semthethweni kufanele sibe nalokhu:

(a) uma umnikazi wamasheya kungumuntu ngamunye, ikhophi eqinisekisiwe kamazisi wakhe kanye/noma ipasiphothi;

(b) uma umnikazi wamasheya kungesiyena umuntu oyedwa, ikhophi eqinisekisiwe yesinqumo senhlangano efanele kanye nekhophi eqinisekiswe yezincwadi zomazisi kanye/noma amapasiphothi abantu abaphasise isinqumo esifanele, leso sinqumo kufanele sisho ukuthi ngubani ovela enhlanganweni efanele ogunyaziwe ukumelela inhlangano efanele ekuxhumaneni nge-elekthronikhi ku-AGM; kanye

(c) ikheli le-imeyili elifanele kanye/noma inombolo yefeksi (ikheli/inombolo yokuxhumana).

Inkampani kufanele isebenzise imizamo ekahle ngo-09:00 noma ngaphambi kwakhe ngoLwesibili, mhla ka-14 Meyi 2019, ukwazisa umnikazi wamasheya, olethe isaziso se-elekthronikhi esifanele, ekhelini/enombolweni yayo yokuxhumana, ngemininingwane efanele umnikazi wamasheya angahlanganyela ngayo ngokuxhumana kwe-elekthronikhi.

Ngomyalelo webhodi

Sindisiwe Mabaso-Koyana
*uSihlalo: Ibhodi yabaqondisi*

15 Ephreli 2019

**Ikheli lebhizinisi kanye nehhovisi elibhalisiwe**

135 Rivonia Road
Sandown
Johannesburg
2193

**Onobhala bokudlulisela kanye nokuxhumana kwabanikazi bamasheya**

I-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yebhizinisi yoKuphatha Umsebenzi Wesikimu Samasheya
(Inombolo yokubhalisa: 1951/000009/06)
135 Rivonia Road
Sandown
Johannesburg, 2193
Ucingo: +27 83 900 6863
Imeyili: ssa-zakhelefuthi@Nedbank.co.za

# AMANOTHI ACHAZAYO NGEZINQUMO EZIPHAKANYISWE EMHLANGANWENI OJWAYELEKILE WONYAKA WENKAMPANI

*onyaka ophele ngomhla ka-31 Disemba 2018*

Nganoma yiluphi usizo noma ulwazi, sicela ufonele i-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi yoKuphatha Umsebenzi Wesikimu Samasheya ku+27 83 900 6863.

**Ukukhethwa futhi komqondisi ngokuthatha umhlalaphansi ngokushintshaniswa ku-AGM - isinqumo esijwayelekile nombolo 1**

Isizathu sesinqumo esijwayelekile esiphakanyisiwe nombolo 1 wukuqinisekisa, ngokuhambisana nesigatshana 24 sememorandamu yokuhlanganyela yeNkampani ukuqokwa komqondisi oqokwe yibhodi okungesiyena Umqondisi Oqokwe yi-MTN (njengoba kuchaziwe kusigatshana 24.3 sememorandamu yokuhlanganyela yeNkampani) kanye nokukhetha futhi, ngokuhambisana nesigatshana 24.8 sememorandamu yokuhlanganyela yeNkampani ukugcwalisa isikhala esisodwa, njengoba kudingeka ngaphansi kwesigaba 68(2) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, u-Grant Gelink njengomqondisi weNkampani, njengoba u-Grant Gelink esethathe umhlalaphansi ngokushintshaniswa ngokwememorandamu yokuhlanganyela yeNkampani nokuthi yena ekulungele ukukhethwa nokuphinde ekhethwe. Imininingwane ngempilo yomqondisi othatha umhlalaphansi ozinikele ukuphinde akhethwe ishiwo ekhasini 2.

Kuphawuliwe ukuthi Abaqondisi Abaqokwe u-MTN wuSindisiwe Mabaso-Koyana (owusihlalo futhi webhodi yabaqondisi) kanye noSonja De Bruyn.

**Ukukhethwa futhi kwekomiti lokucwaninga amabhuku - izinqumo ezijwayelekile izinombolo 2 ukuya ku-4**

NgokoMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, ikomiti lokucwaninga amabhuku yikomiti elikhethwe ngabanikazi bamasheya ku-AGM ngayinye.

NgokweZimiso Zomthetho Wezinkampani, okungenani okukodwa kokuthathu kumalungu ekomiti lokucwaninga amabhuku leNkampani noma nini kufanele libe neziqu zemfundo, noma ulwazi kwezomnotho, kwezokuphatha izinkampani, ezezimali, ezokucubungula amabhuku ezimali, ezohwebo, ezezimboni, ezezindaba zomphakathi noma kwezokuphathwa kwabasebenzi.

Ibhodi izibhekile iziqu kanye nolwazi lwamalungu amanje ekomiti lokucwaninga amabhuku futhi licabanga ukuthi amalungu amanje ekomiti lokucwaninga amabhuku kufanele liqhubeke kulawo maqhaza ngonyaka wezimali ophela ngomhla ka-31 Disemba 2018 nasekuphethweni kwe-AGM elandelayo, kuncike okhethweni olwenziwa ngabanikazi bamasheya, njengoba kuphakanyiswe kuzinqumo ezijwayelekile eziwunombolo 2 ukuya ku-4.

**Ukuvunywa kokuqokwa futhi kwabacwaningimabhuku bangaphandle - isinqumo esejwayelekile nombolo 5**

Ngokuhambisana nesigaba 90 soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, i-SizweNtsalubaGobodo Inc. kuphakanyisiwe ukuthi iphinde iqokwe futhi njengabacwaningi bamabhuku ngonyaka wezimali ophela mhla ka-31 Disemba 2018 kuze kube nasekuphethweni se-AGM elandelayo.

**Izichibiyelo eziphakanyiswayo kuSivumelwano Sobudlelwano – isinqumo esijwayelekile nombolo 6**

Isinqumo esijwayelekile nombolo 6 singaba nomphumela wokugunyaza izichibiyelo eziphakanyiswayo kuSivumelwano Sobudlelwano esivele sesikhona. Izindikimba ezibalulekile, izigatshana ezithintekile (ngaphandle kwezichibiyelo zokubhalwa kwamagama ezincane) kanye nencazelo emfishane yokuqukethwe kwezichibiyelo eziphakanyiswayo ezishiwo ethebulini elingezansi:

| Inombolo yento | Indikimba | Isi(zi)gatshana esi(zi)thintekile | Okuqukethwe |
|---|---|---|---|
| 1. | Ukuqokelwa kwamagama kuBhodi yeNkampani | 15 | Lesi sigatshana esithintekayo esikhundleni saso sonke kufakwe okunye ukuze kususwe ilungelo le-MTN lokuqoka abaqondisi ngokuqondile kubhodi yeNkampani kanye nokugodla izindawo ezi-2 zalelo Bhodi okufanele ligcwaliswe abantu abakhethwe yi-MTN **(Izindawo Ezigciniwe**).<br><br>Ngokuphasiswa kwesinqumo esijwayelekile nombolo 6, i-MTN, ngeSikhathi se-BIC2 Empowerment Compliance (njengoba sichazwe kuSivumelwano Sobudlelwano), angeke isaba nelungelo lokuqoka abaqondisi ngqo kuBhodi kodwa kunalokho bazoba nelungelo lokunikeza ukuqokela amagama amabili kuBhodi, uma leyo Bhodi iwavuma amakhandidethi aphakanyisiwe, izoqokalabo bantu kuBhodi ukuthi bagcwalise izikhala ezifanele noma Izikhundla Ezibekiwe (njenboa kuchaziwe kuSivumelwano Sobudlelwano) (**Abaqondisi Abaqokwe yi-MTN).** Abaqondisi Abaqokwe yi-MTN bazomela ukuqinisekiswa ngokuhambisana nokuhlinzekwa yi-MOI yeNkampani ku-AGM elandelayo yabanikazi bamasheya eNkampani. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 2. | Isichibiyelo seSivumelwano Sobudlelwano | 18.1.2 | Lesi sigatshana esithentekile sichitshiyelwe ukuze kuhlinzekwe i-MTN kanye ne-MTN Zakhele Futhi ngokukwazi ukunquma iphesenti lamalungelo okuvota angaphezu kuka-65% noma nanoma yisiphi esinye isisekelo sokuchibiyela Isivumelwano Sobudlelwano.<br><br>I-MTN kanye ne-MTN Zakhele Futhi njengamanje banelungelo lokuchibiyela Isivumelwano Sobudlelwano ngokusayina umbhalo ofaka nanoma yisiphi isichibiyelo esinjalo esivunywe yisinqumo esiphasisiwe emhlanganweni oseceleni wabanikazi bamasheya eNkampani, kulowo mhlangano, abanikazi bamasheya abakhona noma abamelelwe nabangasebenzisi ngaphansi kuka-65% wamavoti asebenzisekayo maqondana namasheya ajwayelekile eNkampani kulowo mhlangano ovotelwe maqondana naleso sinqumo.<br><br>Ukuze uqinisekise ukuguquguquka esimweni soKufakwa ku-JSE kanye nokuthi kuphasiswe isinqumo esijwayelekile nombolo 6, ngaphezu komngcele ka-65% uchitshiyelwe ukukhombisa umngcele ka-65% wamavoti asebenzisekayo maqondana namasheya ajwayelekile eNkampani kulowo mhlangano, noma iphesenti eliphezulu kanjalo noma esisekelweni se-MTN kanye neNkampani kungenzeka ivume ngokubhala ngezikhathi ezahlukene. |

Sicela wazi ukuthi isihumusho esiphelele sezichibiyelo kuSivumelwano Sobudlelwano kufanele sifundwe sonke ukuze kuzwakale okuqukethwe. Ikhophi ephelele yeSivumelwano Sobudlelwano, kubandakanya zonke lezo zichibiyelo (kubandakanya isihumusho, ukuze kube lula ukukhomba, ikhomba lezo zichibiyelo esakhiweni sombhalo esilandelelwe kuSivumelwano Sobudlelwano esivele sesikhona), uyatholakala kuwebhusayithi yeNkampani ku-https://www.mtnzakhelefuthi.co.za/ kanye nesihloko "**Isivumelwano Sobudlelwano - Izichibiyelo zika-2019**". Lesi sihumusho seSoiovumelwano Sobudlelwano siyatholakala futhi emahhovisi onobhala bokudlulisela beNkampani kanye ne-ejenti yezokuxhumana yabanikazi bamasheya, okuyi-Nedbank Limited, esebenzisa iyunithi yebhizinisi loKuphatha Isikimu Samasheya, ku-135 Rivonia Road, Sandown, Johannesburg, 2193 (ubani okungaxhunyanwa naye e-+27 83 900 6863).

**Umholo okhokhelwa abaqondisi - isinqumo esiyisipesheli nombolo 1**

Ngokwezigaba 66(8) no-(9) yoMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, umholo ungakhokhwa kuphela kubaqondisi ngesevisi yabo njengabaqondisi ngokuhambisana nesinqumo esiyisipesheli esigunyazwe ngabanikazi bamasheya eminyakeni emibili edlule futhi uma kungavinjiwe ngokwememorandamu yokufakwa yenkampani.

Ngokwesigatshana 26.1 sememorandamu yokufakwa yeNkampani, abaqondisi banelungelo kulowo mholo njengabanikazi bamasheya beNkampani emhlanganweni ojwayelekile ngezikhathi ezahlukene kunqume, kodwa kuncike emikhawulweni ezindlekweni zokuphathwa komsebenzi ezisebenza eNkampanini ngaphansi kwesigatshana 3 kuSithasiselo A, kanye neMibhalo Yethranzekshini (njengoba kuchazwe yimemorandamu yokufakwa yeNkampani).

Ukwengeza, ngokwesigatshana 26.2 sememorandamu yokufakwa yeNkampani, abaqondisi kufanele bakhokhelwe izindleko ezikahle ngokuhamba (kubandakanya amahhotela) ukuya nokubuya emihlanganweni yabaqondisi kanye nabanikazi bamasheya, kanye namalungu amakomiti ebhodi kufanele abe nelungelo kuzo zonke izindleko ezikahle ekuhambeni (kubandakanya amahhotela) ukuya nokubuya emihlanganweni yamalungu amakomiti ebhodi.

Isinqumo esiyisipesheli nombolo 1 siphakanyisiwe ukuze kuhanjiswane nezidingo zoMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe kanye nememorandamu yokufakwa yeNkampani. Amazinga ashiwo kulesi sinqumo esiyisipesheli nombolo 1 sikhethelwe ukuqinisekisa ukuthi umholo wabaqondisi uhlala uncintisana ukuze uvumele iNkampani ukuthi igcine futhi ihehe abantu bezinga elithile, abanokwazi okufanele, amakhono kanye nolwazi oludingekayo ukuze bafake isandla ngendlela enomqondo eNkampanini.

# *Amanothi achazayo izinqumo eziphakanyisiwe emhlanganweni ojwayelekile wonyaka weNkampani* *kuyaqhutshwa*

*Onyaka owaphela ngomhla ka-31 Disemba 2018*

**Izichibiyelo eziphakanyisiwe kumemorandamu yokuhlanganyela kweNkampani - isinqumo esiyisipesheli nombolo 2**

Isinqumo esiyisipesheli nombolo 2 besizoba nomphumela wokuchibiyela imemorandamu yokuhlanganyela yeNkampani kanye nokufaka esikhundleni sayo i-MOI Entsha. Okwenza umqondo kwezichibiyelo eziphakanyisiwe kushiwo ku-MOI entsha (i) wukwenza ngcono izindaba zokubusa kanye nokuzimela kweNkampani ku-MTN, (ii) ukufaka ulwazi olusha ku-MOI ukuthi lucishe kakhulu luqondane nalokho futhi luqalise okuhlinzekwe wuMthetho Wezinkampani (iii) ukuqondanisa i-MOI nezichibiyelo kuSivumelwano Sobudlelwano; (iv) nokwenza izinguquko ezilandelayo kanye nokunye, izichibiyelo ezincane. Izimpawu ezizbalulekile zezichibiyelo eziphakanyisiwe ezishiwo ku-MOI Entsha zibandakanya, phakathi kokunye:

**A. Abaqondisi kanye namalungelo ahambisana nabo**

(i) ukususwa kwelungelayo elivimbelayo le-MTN maaqondana nesimemezelo kanye nokukhokhelwa yiNkampani kwezinhlukaniselwano zabanikazi bamasheya ayo ajwayelekile lapho izinhlukaniselwano ezinjalo zizoba khona ukuthi zimenyezelwe futhi zikhokhelwe yiNkampani kulandela okuphambili ohlwini lwezinkokhelo kuSijobelelo A se-MOI;

(ii) ushintsho ohlelweni lokuqokwa kwebhodi efana ne-MTN angeke lusaqoka abaqondisi aba-2 ebhodini yeNkampani, kodwa kunalokho kuzohlinzekwa abaqokiwe kulezo zikhundla ebhodini yeNkampani, uma leyo bhodi ivuma amakhandidethi aphakanyisiwe, aqoka labo bantu kubhodi ukuthi bagcwalise izikhala ezifanele. Abaqondisi abaqokiwe ("**Abaqondisi Abaqokiwe be-MTN** " (esikhathini esedlule, " **Abaqondisi Abaqokiwe be-MTN**")) bazomela ukuqinisekiswa ngabanikazi bamasheya beNkampani ku-AGM elandelayo, futhi bazothatha umhlalaphansi ngokushintshanisa ngendlela efanayo njengabanye abaqondisi beNkampani. I-MTN usazoba nelungelo lokususa Abaqondisi Abaqokiwe be-MTN, nokuqoka abanye ezikhundleni zabo ngokuhambisana nohlelo olushiwo ekuhlinzekeni okufanele; futhi

(iii) Abaqondisi Abaqokwe yi-MTN angeke babe nanoma yimaphi amalungelo ayisipesheli/ anqabelayo kubhodi yeNkampani. Umqondisi Oqokiwe we-MTN angeke-ke kusadingeka ukuthi abe khona ukuzokwakha ikhoramu, noma ukwenza ngcono izinqumo zebhodi ezithile, futhi usihlalo angeke kusadingeka ukuthi kube uMqondisi Oqokiwe we-MTN.

**B. Okujwayelekile**

Ukufaka ulwazi olusha ku-MOI ukuthi liqondane kakhulu futhi leqalise ukusebenza ezintweni ezihlinzekwe wuMthethi Wezinkampani (okungukuthi ukuhlinzekela ngefomu lokuqoka ummeleli kanye/noma amandla ommeli noma esinye isiphathimandla sezinhloso zokuhlanganyela kunanoma yimuphi umhlangano wabanikazi bamasheya beNkampani okufanele udilivwe eNkampanini noma nini ngaphambi kokuthi ummeleli asebenzise nanoma yimaphi amalungelo omnikazi wamasheya onelungelo lokuvota emhlanganweni wabanikazi bamasheya nokuqondanisa i-MOI nezichibiyelo zeSivumelwano Sobudlelwano.

Izindikimba ezinkulu, izigatshana ezithintekile (ngaphandle kwezichibiyelo zokubhaleka kwamagama ezincane) futhi nencazelo emfushane yokuqukethwe kwezichibiyelo eziphakanyisiwe ku-MOI ishiwo kuthebuli elingezansi.

| Inombolo yento | Indikimba | Isi(zi)gatshana esi(zi)thintekile | Okuqukethwe |
|---|---|---|---|
| **Ikhasi eliyikhava** | | | |
| 1. | Usuku lwe-MOI Entsha | Ikhasi eliyikhava | Ikhasi eliyikhava lichitshiyelwe ukukhombisa ukuthi i-MOI yasekuqaleni yamukelwa yisinqumo esiyisipesheli esaphasiswa ngomhla ka-9 Agasti 2016 futhi esikhundleni saso kufakwe i-MOI Entsha. |

# *Amanothi achazayo kuzinqumo eziphakanyiswe emhlanganweni wonyaka ojwayelekile weNkampani* *kuyaqhutshwa konyaka owaphela ngomhla ka-31 Disemba 2018*

| **A. Umqondisi kanye namalungelo ahambisana nawo** | | | |
|---|---|---|---|
| 2. | Amalungelo okuqoka abaqondisi bakwa-MTN | • 1.3.13;<br>• 2.1.9;<br>• 24.2;<br>• 24.3;<br>• 24.4;<br>• 24.5;<br>• 24.6;<br>• 24.7;<br>• 24.8;<br>• 24.9;<br>• 24.15;<br>• 29.2. | Lezi zigatshana ezithintekayo zichitshiyelwe ukuze kususwe ilungelo le-MTN lokuqoka abaqondisi ngokuqondile kuBhodi leNkampani ("**Ibhodi**") kanye nokubeka izindawo ezi-2 kuBhodi okufanele zigcwaliswe ngabantu abaqokwe yi-MTN **(Izikhundla Ezibekiwe**).<br>Kuncike ekuphasisweni kwesinqumo esiyisipesheli nombolo 2, i-MTN, ngesikhathi soKuhambisana Nokunikezwa Amandla i-MTN Zakhele Futhi, angeke isaba nelungelo lokuqoka abaqondisi ngokuqondile kuBhodi yeNkampani kodwa kunalokho ingaba nelungelo lokuhlinzeka amagama abaqokiwe ama-2 kuBhodi, uma leyo Bhodi iwavuma amakhandidethi aphakanyisiwe, ezobe seyiqoka labo bantu kuBhodi ukuthi bagcwalise isikhala esifanele noma Indawo Ebekiwe (**Äbaqondisi Abaqokwe yi-MTN)**. Abaqondisi Abaqokwe yi-MTN bazomela ukuqinisekiswa ngabanikazi bamasheya beNkampani ku-AGM elandelayo, futhi kuzoncika ekuthatheni umhlalaphansi ngokuzungeziswa ngendlela efanayo njengabanye abaqondisi beNkampani. |
| 3. | Ukuqokwa kukasihlalo weBhodi | • 24.4.1;<br>• 32.9. | Lezi zigatshana ezithintekile zichitshiyelwe ukuze kususwe isidingo sokuthi usihlalo weBhodi kube ngomunye waBaqondisi Abaqokwe wu-MTN.<br>Ngenxa yokuphasiswa kwesinqumo esiyisipesheli nombolo 2, abaqondisi kungenzeka baqoke nanoma yimuphi omunye wamalungu ebhodi ofisayo nowaziyo ukuba wusihlalo ukuthi abe wusihlalo webhodi futhi isho isikhathi lowo muntu azoba sehhovisi ngaso kanjalo. |
| 4. | Ukususwa noma ukuqedwa kwehhovisi njengomqondisi noma umqondisi wokushintshanisa | • 25.1.2;<br>• 25.1.6;<br>• 25.1.8. | Lezi zigatshana ezithintekile zichitshiyelwe ukuze zifake kanye/noma zivumele ukususwa kwaBaqondisi Abaqokwe wu-MTN kubhodi (i) ngesicelo esibhaliwe sabo bonke abanye abaqondisi; noma (ii) iBhodi, uma kunabaqondisi abangaphezu kwaba-3 futhi iBhodi isho ukuthi akasakwazi ukusebenza lowo Muntu akasakwazi ukwenza imisebenzi yakhe njengomqondisi, futhi angeke kwenzeke ukuthi aphinde abe nawo amandla esikhathini esikahle, kanti uMqondisi noma uMqondisi Oshintshanisayo ubengavunyelwe ukufaka isicelosokubukeza noma usifakile leso sicelo kodwa inkantolo ayikakuqinisekisi ukususwa (yingasiphi isikhathi azomiswa ngaso) *(uma etholakele noma eba nomqondo ongaphilile)*; noma (iii) isinqumo esijwayelekile sabanikazi bamasheya beNkampani. |
| 5. | Ilungelo lokwenqaba le-MTN maqondana nezinqumo ezithize zeBhodi | • 28.2;<br>• 28.3;<br>• 28.5;<br>• 29;<br>• 30;<br>• 32.10. | Lezi zigatshana ezithintekile zichitshiyelwe ukususa amalungelo okwala e-MTN maqondana nezinqumo zeBhodi ezishiwo ngaphansi kwalezo sigatshana. |
| 6. | Isidingo sekhoramu semihlangano yeBhodi | • 32.7;<br>• 32.15. | Lezi zigatshana zithentekile ukuze kususwe isidingo sokuthi (i) okungenani oyedwa waBaqondisi Abaqokwe wu-MTN kufanele abe khona emhlanganweni weBhodi ukuze kuhlangatshezwane nekhoramu; (ii) isinqumo sokujikelezisa ukuthi siphasiswe, okungenanai oyedwa waBaqondisi Abaqokwe wu-MTN kufanele bavote ekuqinisekisweni.<br>Ngenxa yokuphasiswa kwesinqumo esiyisipesheli nombolo 2, ikhoramu yomhlangano wabaqondisi yinanoma yabaphi Abaqondisi ababili abakhona futhi abavota kuwo wonke umhlangano. Ngokufanayo, nanoma yibaphi Abaqondisi ababili abavota esinqumeni somjikelezo bangasiphasisa isinqumo. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 7. | Ukuvota kwaBanikazi bamasheya Abakhethiwe emihlanganweni ejwayelekile | • 21.10;<br>• 2.6.2.3 (Isijobelelo A). | Lezi zigatshana zichitshiyelwe ukuze kucaciswe izinto ezihlinzekiwe ezithize ezivele sezikhona maqondana namalungelo okuvota abanikazi baasheya akhethiwe eNkampanini, kubandakanya okuhlinzekiwe ukuze noma nini uma isinqumo esiyisipesheli seNkampani siphakanyisiwe ngokwesigatshana 2.6.1.5 seSijobelelo A se-MOI, ngaphandle uma esisodwa sezinye isimo esishiwo kusigatshana 2.6.1 seSijobelelo A sesivele sikhona (esivumela abanikazi bamasheya akhethiwe eNkampanini ukuthi bavote emhlanganweni ojwayelekile wabanikazi bamasheya beNkampani), abanikazi bamasheya akhethiwe eNkampanini bazoba nelungelo lokusebenzisa inombolo yonke yamavoti ashiwo kusigatshana 2.6.2.3 seSijobelelo A kuphela maqondana naleso sinqumo esiyisipesheli. |
| 8. | Isichibiyelo ezintweni ezihlinzekelwe Ukuhamba Phambili Ohlwini Lwezinkokhelo kanye noKususwa kwelungelo lokwala le-MTN maqondana nokukhokhwa kwezinhlukaniselwano | • 1.3.129(A) (Isijobelelo A);<br>• 3.1.6 (Isijobelelo A);<br>• 3.1.9 (Isijobelelo A). | Lesi sigatshana sifakwe ukuze sihloinzeke incazelo" **yeSilinganiso Sokukhava Samasheya Okukhokha Ayinhlukaniselwano**" ngezinhloso zezigatshana 3.1.6 and 3.1.9.<br>Lezi zigatshana ezithintekile zichitshiyelwe ukuze kususwe ilungelo lokwala le-MTN maqondana nokukhokhwa kwezinhlukaniselwano kubanikazi bamasheya baMasheya Ajwayelekile e-MTN Zakhele Futhi; kuya ngokuthi Isilinganiso Sekhava Yamasheya Enkokhelo Yenhlukaniselwano kuhlangatshezwene yini naso futhi akanazigameko zangempela noma okungenzeka zivusengaphansi kwemibhalo elawula amasheya akhethwayo akhishwe yiNkampani futhi akukho okungenzeka ngempela noma kufane okukahle kwalezo zigameko ezivusayo okungahle kwenzeke. |
| 9. | Isichibiyelo Kokuphambili Ohlwini Lwezinkokhelo kanye noKuhamba Phambili Ohlwini Okuyisipesheli sokuhlinzekelwe Izinkokhelo | • 3.1.8.1 (IsijobeleloA)<br>• 3.2.5.1 (Isijobelelo A) | Lesi sigatshana esithintekile sichitshiyelwe ukuze sihlinzekele ukwamukeleka ngokuzenzekelayo yi-MTN komnikelo ofunwa kanye/noma ukubhalisela Isigaba soku-1 se-MTN saMasheya Okubhalisa Engeziwe (njengoba kuchaziwe ku-MOI), ngaphandle uma umnikelo waliwe ngokubhala yi-MTN, okhethweni lwayo. |
| **B.** | **OKUJWAYELEKILE** | | |
| 10. | Ifomu lokuqoka ummeleli kanye namandla ommeli noma esinye isiphathimandla | 21.28 | Lesi sigatshana sichitshiyelwe ukuze kufakwe ulwazi olusha ku-MOI ukuthi kuqondaniswe kakhulu futhi kuqalise izinto ezihlekiwe zoMthetho Wezinkampani maqondana nokuqokwa kwabameleli.<br>Umphumela walesi sigatshana esichitshiyelwe wukuhlinzeka ngefomu lokuqoka ummeleli kanye namandla ommeli noma esinye isiphathimandla ukuthi kudilivwe eNkampanini noma nini ngaphambi kokuthi ummeleli asebenzise nanoma yimaphi amalungelo oMnikazi onelungelo lokuvota emhlanganweni wabanikazi bamasheya. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 11. | Isichibiyelo seSivumelwano Sobudlelwano kanye/noma ukuhlinzeka kweSivumelwano Sobudlelwano okufakwe ku-MOI. | 10.4.3 | Lesi sigatshana esithintekile sichitshiyelwe ukuze kuqondaniswe izidingo zokuchibiyela okuhlinzekiwe kweSivumelwano Sobudlelwano okufakwe ku-MOI nezidingo eziseSivumelwaneni Sobudlelwano, njengoba sichitshiyelwe.<br>I-MTN kanye ne-MTN Zakhele Futhi njengamanje banelungelo lokuchibiyela Isivumelwano Sobudlelwano ngokusayina umbhalo ofaka nanoma yisiphi isichibiyelo esinjalo esivunywe yisinqumo esiphasisiwe emhlanganweni oseceleni wabanikazi bamasheya eNkampani, kulowo mhlangano, abanikazi bamasheya abakhona noma abamelelwe nabangasebenzisi ngaphansi kuka-65% wamavoti asebenzisekayo maqondana namasheya ajwayelekile eNkampani kulowo mhlangano ovotelwe maqondana naleso sinqumo.<br>Ukuze uqinisekise ukuguquguquka esimweni soKufakwa ku-JSE kanye nokuthi kuphasiswe isinqumo esijwayelekile nombolo 6, ngaphezu komngcele ka-65% uchitshiyelwe ukukhombisa umngcele ka-65% wamavoti asebenzisekayo maqondana namasheya ajwayelekile eNkampani kulowo mhlangano, noma iphesenti eliphezulu kanjalo noma esisekelweni se-MTN kanye neNkampani kungenzeka ivume ngokubhala ngezikhathi ezahlukene. |

Njengoba kudingwa yi-MOI yeNkampani, izichibiyelo eziphakanyisiwe zithole (noma zizothola, ngaphambi kosuku lwale AGM, zitholile) imvume ebhalwe ngaphambili ye-MTN kanye ne-Nedbank Limited (esebenza ngeNkampani yayo kanye neNgxenye Yebhange Yokutshala Izimali), ngamandla ayo njenge-Ejenti Yamasheya Akhethwayo. Kodwa-ke, yazi ukuthi lesi sinqumo sincike kumbandela wokuthi, ngokudingwa wu-MTN, izichibiyelo ku-MOI ezisesinqumeni esiyisipesheli nombolo 2 (noma nanoma iyiphi ingxenye yalezo zichibiyelo, njengoba kungaba njalo), kugunyazwe ngabanikazi bamasheya bakwa-MTN emhlanganweni ojwayelekile.

Sicela wazi ukuthi isihumusho esiphelele sezichibiyelo ku-MOI (okuyi-MOI Entsha) kufanele sifundwe sonke ukuthi sizwakale ngokugcwele kwezinto eziqukethwe. Ikhophi ephelele ye-MOI Entsha, kubandakanya zonke lezo zichibiyelo (kubandakanya isihumusho, ukuze kubelula ukubheka, ekhomba lezo zichibiyelo esakhiweni sombhalo esilandelwayo ku-MOI esivele ikhona), siyatholakala kuwebhusayithi yeNkampani ku- https://www.mtnzakhelefuthi.co.za/ nenesihloko esithi" "MTN Zakhele Futhi MOI – Izichibiyelo zika-2019". Lesi sihumusho se-MOI naso sikhona emahhovisi onobhala bokudlulisela beNkampani kanye ne-ejenti yokuxhumana nabanikazi bamasheya, okuyi-Nedbank Limited, esebenza ngeyunithi yayo yebhizinisi loKuphathwa Kwesikimu Samasheya, ku-135 Rivonia Road, Sandown, Johannesburg, 2193 (ongathintwa ku- +27 83 900 6863).

**Usizo lwezimali oluhlinzekwka yiNkampani - isinqumo esiyisipesheli nombolo 3**

INkampani kuzodingeka inikeze ukuxolelwa kanye nolunye usizo lwezimali kubantu abahlukene, kubandakanya kodwa kungenamkhawulo ku-JSE, kubahlanganyeli bezimakethe abafanele (kubandakanya amalungu e-JSE, abanikazi ababhalisile bamasheya ajwayelekile eNkampanini, abahlanganyeli bokubeka izinto ezivikelwe abakhulu kanye/noma abaxhumanisi abafanele) kanye nabahlinzeki bemisebenzi abangabanye abantu, maqondana noKufakwa ku-JSE okuphakanyisiwayo, kanjalo nokuqhutshwa kanye nokuxhaswa kwezindleko maqondana noKufakwa ku-JSE, okungaholela eNkampanini enikeza usizo lwezimali maqondana nokutholakala kwamasheya ajwayelekile eNkampanini kulandela Ukufakwa ku-JSE, encazelweni yesigaba 44 soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe. Isinqumo esiyisipesheli nombolo 3 wukugunyaza ibhodi yeNkampani ukuthi inike lolo lusizo lwezezimali, kuncike ekuhambisaneni nezidingo ze-MOI kanye noMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe, futhi kuncike emvumeni yenkontileka edingekayo kumnikazi wamasheya akhethwayo eNkampani kanye ne-MTN.

Isigaba 44 soMthetho Wezinkampani sihlinzeka, phakathi kwezinye izinto, ukuthi usizo lwezimali oluqondile noma olungaqondile kufanele luhlinzekwe kuphela kulandela isinqumo esiyisipesheli sabanikazi bamasheya, esamukelwe eminyakeni emibili eyedlule, egunyaza lolo sizo lwezimali kungaba ngolomamukeli oshiwo ngqo noma ngokwejwayelekile lwesigaba sabemukeli okungenzeka babe namandla kanti umemukeli oshiwo ngqo ungena esigabeni futhi ibhodi kufanele yaneliseke ukuthi (ngokushesha ngemuva kokuhlinzeka usizo lwezimali, iNkampani izokwanelisa ukuhlolwa kokungabi namali nokuchithwa okuhlinzekelwe isigaba 4 soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe; kanye (ii) amathemu okuphakanyiswa ngaphansi kwawo usizo lwezimali azonikezwa aneqiniso futhi akahle eNkampanini.

# AMANOTHI ACHAZAYO EZINQUMENI EZIPHAKANYISIWE EMHLANGANWENI OJWAYELEKILE WONYAKA WENKAMPANI

kuyaqhutshwa

*onyaka ophele ngomhla ka-31 Disemba 2018*

**Ukuvota nabameleli**

Wonke umnikazi wamasheya okhona siqu noma ngommeleli emhlanganweni, noma, esimweni somgwamanda ohlanganyele omelelwe emhlanganweni, kufanele abe nelungelo lokuvota ngokubonisa izandla nasendaweni yokuvota kufanele abe nelungelo lokuvota esheyeni ngalinye elikhona. Amafomu abameleli agcwaliswe ngendlela efanele noma amandla ommeli kanye negunya, uma kukhona, okusayinelwe, kufanele kufakwe konobhala bokudlulisela beNkampani, i-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi yoKuphatha Umsebenzi Wesikimu Samasheya, Inombolo Yokubhalisa: 1951/000009/06, ku-135 Rivonia Road, Sandown, Johannesburg, 2193 noma nge-imeyili ekhelini le-imeyili: ssa-zakhelefuthi@Nedbank.co.za ngaphambi kokuqala komhlangano okufanele ubanjwe ngo-11:30 (isikhathi saseNingizimu Afrika) ngoLwesihlanu, 17 Meyi 2019 futhi abanikazi bamasheya bayacelwa ukuthi bafake yonke leyo mibhalo engakedluli u-08:00 (isikhathi saseNingizimu Afrika) ngoLwesihlanu, 17 Meyi 2019 . Igama kanye nemininingwane yekheli yonobhala bokudlulisela baseNingizimu Afrika kunikeziwe emuva kwefomu lommeleli.

Umnikazi wamasheya onelungelo lokuya nokuvota emhlanganweni angaqoka oyedwa noma abameleli abaningi ukuya, ukuhlanganyela kanye nokuvota endaweni yakhe. Ummeleli akufanele kube umnikazi wamasheya weNkampani kodwa kufanele kube wumuntu ngamunye. Ukuqokwa kommeleli angeke kuvinjelwe umnikazi wamasheya oqoke lowo mmeleli ekuyeni ku-AGM kanye nokuhlanganyela nokuvota siqu ekukhishweni kwanoma yimuphi ummeleli. Ifomu lommeleli okufanele lisetshenziswe emhlanganweni lifakiwe.

Ukunaka kwabanikazi bamasheya kuqondiswe kumanothi engeziwe eliphathelene nefomu lommeleli lifakiwe, amanothi ashiwo kufomu lommeleli.

Ifomu elifakiwe lommeleli lihlinzekiwe kubanikazi bamasheya ukuthi basizakale. Abanikazi bamasheya abanaso isibopho sokusebenzisa ifomu elifakiwe, futhi bangaqoka ummeleli ngokubhala ngaphansi kwesigaba 58 soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba kuchitshiyelwe. Isifingqo sokuhlinzeka kwalesi sigaba sifakiwe esithasiselweni esazisweni somhlangano ojwayelekile wonyaka.

# *ISITHASISELO ESAZISWENI SOMHLANGANO OJWAYELEKILE WONYAKA KANYE NEMEPHU*

**Amanothi abalulekile ngomhlangano ojwayelekile wonyaka (AGM)**

| | |
|---|---|
| **Usuku** | 17 Meyi 2019, ngo-11:30 (isikhathi saseNingizimu Afrika) |
| **Indawo** | Gallagher Convention Centre, 19 Richards Drive, Midrand, Johannesburg, 1685 |
| **Isikhathi** | I-AGM izoqala ngokushesha ngo-11:30 (isikhathi saseNingizimu Afrika) |

Iseshini yemfundo yabanikazi abamasheya izobanjelwa ehholo elikhulu ngaphambi kokuqala kwe-AGM. Le seshini ayakhi ingxenye ye-AGM futhi izoqala ngo-10:00 ngokushesha. Abanikazi bamasheya abafuna ukuya kule seshini bayelulekwa ukuthi babe sehholo engakedluli u-09:45.

Umhlangano ojwayelekile wonyaka uzoqala ngeseshini yolwazi emfishane, kwaziswa abanikazi bamasheya ngohlelo lokuvota lwe-elekhtronikhi okufanele kusetshenziswe emhlanganweni. Abasebenzi bazoqondisa abanikazi bamasheya ku-AGM. Kuzodliwa ngemuva komhlangano.

**Ukwamukelwa**

Abanikazi bamasheya abeze ku-AGM bayacelwa ukuthi babhalise edeskini lokubhalisa endaweni yokwamukela izivakashi ehholo. **Abanikazi bamasheya kanye nabameleli kuzodingeka ukuthi uhlinzeke ubufakazi bukamazisi**.

**Ukuvikeleka**

Indawo yokupaka evikelekile ihlinzekiwe endaweni ngokuzibonela kwabanikazi bamasheya. Amaselula kufanele acishwe ngesikhathi sokuqhubeka komhlangano.

**Imisebenzi yokuhumusha**

Sicela wazi ukuthi umhlangano uzotolikelwa esiZulwini nasesiSuthwini - okokulalela nokwasezindlebeni kuzotholakala kubanikazi bamasheya ababhalisile kuphela. Lo mbhalo uyatholakala ngesiZulu nangesiSuthu ngesigaba solwazi lwezimali kuwebhusayithi yeNkampani – www.mtnzakhelefuthi.co.za.

**Sicela wazi**

1. **Imibuzo**

   Nanoma yibaphi abanikazi bamasheya abanezinkinga noma imibuzo maqondana ne-AGM noma ngenhla bayamenywa ukuthi kuthintwe i-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi yoKuphathwa Komsebenzi Wesikimi Samasheya ku+27 83 900 6863. Izingcingo zizoqashwa ngezinhloso zokulawula ikhwalithi.

2. **Imiphumela ye-AGM**

   Imiphumela ye-AGM kuzokhulunywa ngayo maqondana nesinqumo ngasinye wusihlalo we-AGM ngemuva kokuba ukuvota sekuphelile maqondana nesinqumo ngasinye.

3. **Ukudla**

   Ukudla okulula kuzosevwa ngemuva komhlangano.



# ISIFINGQO SAMALUNGELO ASEBENZAYO ATHOLAKALE KUSIGABA 58 SOMTHETHO WEZINKAMPANI, NOMBOLO 71 KA-2008, NJENGOBA UCHITSHIYELWE

Ngezinhloso zalesi sifingqo, itemu "umnikazi wamasheya" kufanele libe nomqondo oshiwo kusigaba 57(1) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba kuchitshiyelwe.

1. Nanoma nini, umnikazi wamasheya wenkampani unelungelo lokuqoka nanoma yimuphi umuntu ngamunye, kubandakanya umuntu ngamunye ongesiyena umnikazi wamasheya waleyo nkampani, njengommeleli ukuthi ahlanganyele, akhulume futhi avote emhlanganweni wabanikazi bamasheya egameni lomnikazi wamasheya.
2. Ukuqokwa kommeleli kufanele kube ngokubhala, kufakwe usuku futhi kusayinwe ngumnikazi wamasheya ofanele.
3. Ngaphandle uma imemorandamu yokufakwa kwenkampani ihlinzeka ngenye indlela:
   - 3.1 umnikazi wamasheya wenkampani efanele angaqoka abantu ababili noma ngaphezulu kanye kanye njengabameleli, futhi angaqoka ummeleli ongaphezu koyedwa ukuthi asebenzise namalungelo okuvota okufakwe ekuvikelekeni okuhlukene okungaphansi kwalowo mnikazi wamasheya; kanye
   - 3.2 nekhophi yento yokuqoka ummeleli kufanele ihanjiswe enkampanini efanele, noma kunanoma yimuphi omunye umuntu egameni lenkampani efanele, ngaphambi kokuthi ummeleli asebenzise nanoma yimaphi amalungelo omnikazi wamasheya emhlanganweni wabanikazi bamasheya.
4. Nangale kwefomu lento esetshenziswa ukuqoka ummeleli:
   - 4.1 ukuqokwa kommeleli kuyamiswa noma nini nakangangokuthi loyo mnikazi wamasheya oqoke lowo mmeleli ekhetha ukwenza ngqo nangesiqu ekusebenziseni nanoma yimaphi amalungelo njengomnikazi wamasheya wenkampani efanele; futhi
   - 4.2 uma into esetshenziswe ukuqoka ummeleli inokumiswa, umnikazi wamasheya angakumisa ukuqokwa kommeleli ngokukhansela ngokubhala, noma enze ukuqokwa kommeleli okungahambisani ngokuhamba kwesikhathi, bese ehambisa ikhophi yento yokumisa kummeleli kanye nenkampani efanele.
5. Ukumiswa kokuqokwa kommeleli kusho ukukhanselwa okuphelele nokokugcina kwamandla ommeleli ukuthi enze egameni lomnikazi wamasheya ofanele ekuhambeni kwesikhathi:
   - 5.1 olushiwo ekumisweni kwento yokuqoka, uma kukhona; noma
   - 5.2 lokho kumiswa kwento ihanjiswe kummeleli kanye nenkampani efanele njengoba kudingeka esigabeni 58(4)(c)(ii) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba kuchitshiyelwe.
6. Uma into yokuqoka ummeleli noma abameleli ihanjisiwe enkampanini efanele, uma nje ukuqokwa kusasebenza, nanoma yisiphi isaziso esidingekayo ngokoMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba kuchitshiyelwa noma imemorandamu yokufakwa yenkampani efanele kufanele ihanjiswe yileyo nkampani kumnikazi wamasheya kufanele kuhanjiswe yile nkampani:
   - 6.1 kumnikazi wamasheya, noma
   - 6.2 ummeleli noma abameleli uma umnikazi wamasheya ngokubhala okuqondiswe enkampanini efanele ukwenza njalo futhi ekhokhile nanoma iyiphi imali efanele ebizwe yinkampani ukuthi enze njalo.
7. Ummeleli unelungelo lokusebenzisa, noma ukuyeka ukusebenzisa, noma yiliphi ilungelo lokuvota lomnikazi wamasheya ngaphandle kokuqondisa, ngaphandle kwememorandamu yokufakwa wenkampani efanele noma into yokuqoka ummeleli ohlinzeka ngenye indlela.
8. Uma inkampani ikhipha isimemo kubanikazi bamasheya ukuqoka umuntu oyedwa noma ngaphezulu ababizwe yileyo nkampani njengommeleli, noma inikeza ifomu lento yokuqoka ummeleli:
   - 8.1 leso simemo kufanele sithunyelwe kuwo wonke umnikazi wamasheya onelungelo lokuthola isaziso somhlangano lapho ukumelela kuhloswe ukuthi kusetshenziswe;
   - 8.2 inkampani akufanele ukuthi ifune ukuthi ukuqokwa kommeleli kumiswe; futhi
   - 8.3 ukuqokwa kommeleli kuhlala kusemthethweni kuphela kuze kube sekugcineni komhlangano ofanele okwakuhloswe ukuthi kusetshenziswe, ngaphandle uma kumisiwe njengoba kushiwo kusigaba 58(5) soMthetho Wezinkampani, 71 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe.

***IFOMU LOMMELELI***

Kufanele ligcwaliswe ngabanikazi bamasheya

**MTN ZAKHELE FUTHI (RF) LIMITED**
(Efakwe kuRiphabhlikhi yeNingizimu Afrika)
(Inombolo yokubhalisa: 2016/268837/06)
(“**MTN Zakhele Futhi” noma** “iNkampani”)

Kusetshenziswa emhlanganweni ojwwayelekile wonyaka okufanele ubanjwe ngo-11:30 (isikhathi saseNingizimu Afrika) ngomhla ka-17 Meyi 2019, e-Gallagher Convention Centre, 19 Richards Drive, Midrand, Johannesburg, 1685. Ukuthola usizo lokugcwalisa ifomu lommeleli, sicela uxhumane ne-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi yoKuphathwa Komsebenzi Wesikimu Samasheya ku+27 83 900 6863. Umnikazi wamasheya onelungelo lokuya futhi avote emhlanganweni ojwayelekile wonyaka angaqoka oyedwa noma ngaphezulu bamameleli ukuthi baye, bavote futhi bakhulume egameni lakhe emhlanganweni ojwayelekile wonyaka. Ummeleli asikho isidingo sokuthi kube ngumnikazi wamasheya eNkampani kodwa kufanele kube ngumuntu ngamunye.

Mina\Thina

Inombolo ye-ID/inombolo yokubhalisa ka-

Njengomnikazi wamasheya/njengabanikazi bamasheya beNkampani eshiwo ngenhla lapha siqoka, noma siyamfeyilisa

wase- noma siyamfeyilisa,

wase- noma siyamfeyilisa,

usihlalo weNkampani noma siyamfeyilisa usihlalo womhlangano njengommeleli wami/wethu ukungi(si)votela nasegameni lami(lethu) emhlanganweni ojwayelekile wonyaka (noma ojwayelekile noma omisiwe njengoba kungenzeka) weNkampano ozobanjwa mhla ka-17 Meyi 2019 ngo-11:30 nakunoma yikuphi ukumiswa noma ukuhlehliswa-ke.

Ngi/Siyalela ummeleli ukuthi avote kanje:

| **Izinqumo ezijwayelekile** | **Uyavuma** | **Uyaphikisana** | **Akavoti** |
|---|---|---|---|
| Isinqumo Esijwayelekile nombolo 1: Ukuqinisekiswa kokuphinde kukhethwe futhi u-Grant Gelink njengomqondisi | | | |
| Isinqumo esijwayelekile nombolo 2: Ukukhethwa kukaSindisiwe Mabaso-Koyana njengelungu lekomiti lokucwaninga amabhuku | | | |
| Isinqumo esijwayelekile nombolo 3: Ukukhethwa kuka-Sonja De Bruyn njengelungu lekomiti lokucwaninga amabhuku | | | |
| Isinqumo esijwayelekile nombolo 4: Ukukhethwa kuka-Grant Gelink njengelungu lokucwaninga amabhuku | | | |
| Isinqumo esijwayelekile nombolo 5: Ukuphinda kuqokwe futhi abacwaningi bamabhuku | | | |
| Isinqumo esijwayelekile nombolo 6: Izichibiyelo zeSivumelwano Sobudlelwano | | | |
| **Izinqumo eziyisipesheli** | | | |
| Inombolo yezinqumo eziyisipesheli 1: Iholo elikhokhelwa abaqondisi | | | |
| Inombolo yezinqumo eziyisipesheli 2: Izichibiyelo kumemorandamu yokufakwa kweNkampani | | | |
| Inombolo yezinqumo eziyisipesheli 3: Usizo lwezezimali oluhlinzekwa yiNkampani | | | |

***Maka ngo-X noma yikuphi okusebenzayo. Ngaphandle uma eqondisiwe, ummeleli uzovota noma uzoyeka njengendlela acabanga ngayo maqondana nokuphatha komnikazi wamasheya sekukonke. Ummeleli angakwazi futhi ukuvota noma ukungavoti maqondana nanoma yiliphi elinye ibhizinisi eliphakanyiswe emhlanganweni acabanga ukuthi lifanele.*

**Nanoma yimuphi umnikazi wamasheya onelungelo lokuya nokuvota emhlanganweni unelungelo lokuqoka ummeleli noma abameleli ukuthi baye, bakhulume futhi bavote esikhundleni sakhe. Ummeleli oqokiwe asikho isidingo sokuthi kube ngumnikazi wamasheya kodwa kufanele kube ngumuntu ongayedwa.**

Sicela ufunde amanothi angemuva lapha.

Kusayinwe e- ngomhla ka- 2019

I(ama)gama eli(a)gcwele (ngosonhlamvukazi)

I(ama)signesha

Ikheli

Usizwe ngu- (umbheki) usuku

Uma usayina ngesikhundla sommeleli, bona amanothi ommeleli ngemuva lapha.

**Sicela wazi ukuthi ummeleli/abameleli abeze emhlanganweni egameni lomnikazi wamasheya obhalisile angeke babe nelungelo lokuvota egameni lomnikazi wamasheya ngaphandle uma bephelekezelwa yileli fomu eligcwaliswe ngendlela efanele.**

# *Amanothi aya kummeleli*

1. Abanikazi bamasheya kuphela ababhalisile kurejista yeNkampani ngosuku lerekhodi elifanele lomhlangano abangagcwwalisa ifomu lommeleli noma okukanye abeza emhlanganweni.
2. Umnikazi wamasheya angafaka igama lommeleli noma amagama abameleli abanye ababili abakhethayo esikhaleni esihlinzekiwe, ngokuthi acishe noma ngaphandle kokucisha "usihlalo womhlangano ojwayelekile", kodwa nanoma yikuphi ukucisha noma ukufaka kufanele kube namanisheli omnikazi wamasheya. Nanoma yikuphi ukufaka noma ukucisha okungahambisani nokusandakushiwo kuzomenyezelwa njengokungasetshenziswa ngendlela efanele. Umuntu igama lakhe elime kuqala kufomu lommeleli nokhona emhlanganweni ojwayelekile uzoba nelungelo lokusebenza njengommeleli ekukhishweni kwalabo amagama alandelayo. Esimweni lapho kungenamagama khona akhonjisiwe, ummeleli kufanele kube ngusihlalo womhlangano ojwayelekile.
3. Imiyalelo yomnikazi wamasheya kummeleli kufanele ikhonjiswe ngokufaka u-"X" noma ngenombolo efanele yamavoti anokusetshenziswa yilowo mnikazi wamasheya ebhokisini elihlinzekiwe elifanele. U-"X" ebhokisini elifanele ukhombisa inombolo enkulu yamavoti anokwenziwa yilowo mnikazi wamasheya. Ukuhluleka ukuhambisana nokungenhla kuzothathwa ngokugunyaza ummeleli ukuthi avote noma angavoti emhlanganweni ojwayelekile wonyaka ngokubona kwakhe maqondana namavoti onke omnikazi wamasheya. Umnikazi wamasheya noma ummeleli wakhe abanaso isibopho sokusebenzisa onke amavoti ngomnikazi wamasheya noma ngommeleli wakhe, kodwa isamba samavoti enziwe namaqondana nawokungavoti kurekhodiwe, ungeze kweqa inombolo enkulu enokwenziwa ngumnikazi wamasheya noma ummeleli wakhe. Ummeleli angavota noma angavoti maqondana nanoma yiliphi elinye ibhizinisi eliphakanyisiwe emhlanganweni njengoba ecabanga ukuthi kufanele.
4. Ummeleli kufanele (ngaphandle uma lo musho ucishiwe kwase kusayinwa eceleni kwawo) abe negunya lokuvota, njengoba ebona kufanele, kunanoma yisiphi esinye isinqumo esingaphakanyiswa ngokusemthethweni emhlanganweni, kubandakanya maqondana nanoma yisiphi isichibiyelo ezinqumeni ezingenhla. Uma umusho osandakushiwo ucishiwe, ummeleli kufanele athathwe njengonikezwe umyalelo wokuvota aphikisane nanaoma yisiphi isiphakamiso esinjalo sesinqumo esengezayo kanye/noma isichibiyelo esiphakanyisiwe kwesivele sikhona njengoba siphakanyiswe esazisweni okufakwe kulo ifomu.
5. Ukusebenza ngempumelelo, amafomu ommeleli agcwalisiwe kanye negunya, uma kukhona, okusayinwe ngaphansi kwakho kufanele kufakwe konobhala bokudlulisela beNkampanni baseNingizimu Afrika ekhelini, enombolweni yefeksi noma ekhelini le-imeyili elishiwo ngezansi ngaphambi kwesikhathi esiqokelwe ukubamba umhlangano futhi amanikazi bamasheya bayacelwa ukuthi bafake yonke imibhalo enjalo engakedluli u-08:00 mhla ka-5 Meyi 2019.
6. Ukugcwaliswa kanye nokufakwa kwefomu lommeleli angeke kuvimbele umnikazi wamasheya ofanele ukuza emhlanganweni ojwayelekile wonyaka nokukhuluma kanye nokuvota siqu esikhundleni sanoma yimuphi ummeleli oqokwe ngokufanele lapha.
7. Usihlalo womhlangano ojwayelekile angenqaba noma angemukela nanoma yiliphi ifomu lommeleli eligcwalisiwe futhi/noma elitholakele ngaphandle kokuhambisana nala manothi.
8. Nanoma yiluphi uguquko olukuleli fomu lommeleli, ngaphandle kokucisha okunye okuhlukile, kufanele kufakwe amanisheli ngumuntu osayinayo.
9. Ubufakazi bombhalo bokuthola igunya lomuntu osayine leli fomu lommeleli ngesikhundla sokumelela noma ngesinye esisemthethweni kufanele afake leli fomu lommeleli, ngaphandle uma kwakurekhodwe yiNkampani ngaphambilini noma kwayekwa usihlalo womhlangano ojwayelekile wonyaka.
10. Lapho kunabanikazi bamasheya abahlanganyelayo:
    - 10.1 nanoma yimuphi umnikazi angasayina ifomu lommeleli; futhi
    - 10.2 ivoti lomnikazi wamasheya omkhulu (lapho inhloso yobudala izoshiwo ngendlela ngendlela amagama abanikazi bamasheya avela ngayo kurejista yeNkampani) ovotayo (kungaba nguye uqobo noma ngommeleli) uzokwamukela ukukhishwa kwevoti(kwamavoti) abanye abanikazi bamasheya abahlanganyele.
11. Omncane ngeminyaka kufanele asizwe ngumzali wakhe noma ngumbheki osemthethweni, ngaphandle uma imibhalo efanele ethola amandla omthetho ikhishiwe noma kade ebhalisiwe ngonobhala bokudlulisela.
12. Ummeleli akakwazi ukuthumela ngegunya lakhe ukuthi kwenziwe egameni lomnikazi wamasheya, omunye umuntu.

**Ihhovisi lonobhala bokudlulisela**

I-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi Ukuphathwa Komsebenzi Wesikimu Samasheya Inombolo yokubhalisa

Inombolo yokubhalisa 1951/000009/06)

135 Rivonia Road

Sandton, 2196

Ucingo: +27 83 900 6863

Emeyili: ssa-zakhelefuthi@Nedbank.co.za

# *Ukuphathwa komsebenzi*

**Inombolo yokubhalisa inkampani**
2016/268837/06

**Ikheli leposi**
PO Box 1144
Johannesburg
2000

**Ikheli elibhalisiwe**
135 Rivonia Road
Sandown, 2196
Johannesburg

**Ibhodi yabaqobdisi**
SN Mabaso-Koyana (usihlalo ongaphethe)
S De Bruyn (ongaphethe)
GG Gelink (ongaphethe)

**Ihhovisi lonobhala bokudlulisela**
I-Nedbank Limited, ngokusebenzisa iyunithi yayo yebhizinisi Ukuphathwa Komsebenzi Wesikimu Samasheya Inombolo yokubhalisa
(Inombolo yokubhalisa 1951/000009/06)
135 Rivonia Road
Sandton, 2196
Ucingo: +27 83 900 6863
Emeyili: ssa-zakhelefuthi@Nedbank.co.za

**Unobhala wenkampani**
Nedbank Limited, ngokusebenzisa i-Group Secretariat yayo
135 Rivonia Road
Sandown
Johannesburg, 2196

**Abacwaningi bamabhuku**
SizweNtsalubaGobodo Grant Thornton Inc.
20 Morris Street East
Woodmead, 2191
PO Box 2939, Saxonwold, 2132

**Abameli**
Webber Wentzel
90 Rivonia Road, Sandton, Johannesburg, 2196
PO Box 61771, Marshalltown, 2107

**www.mtnzakhelefuthi.co.za**